



Angiyithandi imifino!



Molteno



Umama noThuli baya esitolo ukuyothenga imifino ukuze bapheke isitshulu.



Umama wathatha izaqathe nesipinashi.

“Izaqathe nesipinashi kujilungele imizimba yethu,” kusho umama.

“Angiyithandi imifino,” kusho uThuli.



Umama wabe esethatha iphakethe lamagawu.

“Isitshulu sizoba namagawu,” kusho umama.

“Angiyithandi imifino,” kusho uThuli.



“Gijima ungitholele isaka lika-anyanisi, Thuli,” kusho umama. “U-anyanisi uyilungele imizimba yethu.”

“Angiyithandi imifino,” kusho uThuli.



“Bengifuna ukuthola nethanga, kepha alikho,” kusho umama.

“ANGIYITHANDI imifino,” kusho uThuli.



Umama wabe esethatha otamatisi.

“Utamatisi usinikeza amavithamini,” kusho umama.

“Angiyithandi IMIFINO,” kusho uThuli ecasukile.



“Gijima ungitholele amazambane, Thuli,” kusho umama. “Isitshulu sizoba namazambane.”

“ANGIYITHANDI IMIFINO,” kusho uThuli ethukuthele.



Ekhaya, umama wageza imifino, wayiqoba.

Wabe esefaka imifino embizeni, wathela namanzi.



Umama wapheka imifino nenyama. Wafaka usawoti nophepha namakhambi embizeni.

Isitshulu sanuka kamnandi!



Ngalobo busuku, uThuli wakuthokozela
kakhulu ukudla isitshulu semifino!



“Angiyithandi imifino, kepha ngiyasithanda isitshulu!” kusho uThuli.

Umama wezwa loku wazihlekela.